

# 7

# UNtombi iMvubu





## Nakhu engikugqokayo

Untombi uyakuthanda ukuswenka.
Unewodilobhu egcwele izingubo.
Kunezingubo zasebusika, nezasentwasahlobo.
Kunezingubo zezinsuku ezinomoya nezezinsuku ezinemvula.
Unezingubo zansukuzonke nezaMAPHATHI.

UyiNtandokazi yeSilomo futhi bonke bamfuna emaphathini abo.







UNtombi uyakuthanda ukuswenka.
Izintokazi ziyazithanda izingubo zikaNtombi.
Abafana bayasithanda isitayela sikaNtombi.
Bonke bayathanda ukuba noNtombi emaphathini abo.

Kodwa akuthanda kunakho konke uNtombi
iMvubu ukuzibhukudela
aziphumulele edamini elinamanzi angcolile nanodaka!